# YIZWENI

. . . endleleni, yenza okuthize kulobubusuku, Nkosi. Siphe ukuthi kuzobakhona into ethize ezokwenzeka ezobe ingejwayelekile kakhulu e—enkonzweni ejwayelekile ukuze wonke lowo oseBukhoneni bobuNkulunkulu angazi ukuthi nguBukhona baKho, iNkosi uJesu ovukileyo, khona-ke sizothatha ithemba elisha nesibindi esisha ukulwa impi impilo ize iphele. Siphe khona, Nkosi. Nokuthethelelwa kwezono zethu, siyacela futhi. EGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Amen.

2 Ningahlala phansi. Kuyinhlanhla ukuba lapha futhi kulobubusuku ukunikhonzisa bantu abathandekayo eGameni leNkosi. Ngicabanga ukuthi imayikrofoni yethu lapha ayikho kahle nje. (Mnumzane? Ngiyisonte na? Kukanjani lokho na? Ngalendlela na? O, ngiyabona.) Ngikude kabi ngokuba umakhenika.

3 Niyazi ngiyajabula ukuba lapha kulendawo yokuzivocavoca. Kukhona okuthize ngalamagumbi kulesisifunda sase-Ohio lapha, futhi ikakhulukazi kulelidolobha, njengoba ngiqonda, singesinye sezikhungo ze-athletiki, isikhungo sebhasketbholi sikhona lapha eMiddletown. Futhi ngiyawathanda ama-athletiki, ngake ngaba um-athletiki mina uqobo, ngangiyisilwi esisesigabeni esikhokhelwayo, njengoba nazi.

4 Futhi ngangivame ukuza kulezizitezi lapho esasiyoba khona nokuqeqeshwa kwethu, nezimpi zethu ezinkulu, kanjalonjalo. Futhi angikaze ngiyishiye iringi, kodwa iringi ehlukile, ngilwa nesitha, udeveli wemiphefumulo yabantu kulobubusuku.

5 Futhi ngicela ukwesekela kwenu, njengoba thina ndawonye sibeka izinhliziyo zethu namahlombe ndawonye ukucindezela lempi. "Ngokuba uNkulunkulu unathi, pho-ke ubani ongamelana nathi na?" INkanyezi yoKusa enkulu iphezu kwethu, ibhanela likaKristu, futhi sibophezelekile ukunqoba.

6 Ngakho kukhona ukugula lapha kulobubusuku, nesono, abantu abacindezelwe ngudeveli. Futhi ku. . . SingabaKhe, amasosha esiphambano, asicindezele impi manje njengoba sikhuleka futhi sifundisise iZwi laKhe.

7 Ngikhethe ukufundwa komBhalo kulobubusuku, okutholakala eNcwadini yeVangeli likaMathewu oNgcwele futhi isahluko 17. Ngifisa ukufunda ingxenye nje:

> *Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,*

*Waphenduka esinye isimo* lapho *phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zabamhlophe njengokukhanya.*

*Futhi, bheka, kwabonakala kubo oMose no-Eliya bekhuluma naye.*

*Khona uPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba sibe lapha: uma uthanda, masenze lapha amadokodo amathathu; elinye libe ngelakho,. . . elinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika-Eliya.*

Kepha *esakhuluma, bheka, ifu elimhlophe labasithibeza: ne . . . iphimbo eliphuma efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo; yizweni.*

8 Futhi uma ngifanele ngikhethe okwendikimba, kuyoba yilawo magama amathathu okugcina: *Yizweni.*

9 Ungahle uthi, "Mshumayeli, lolo akusilo yini nje uhlobo lwendikimba encane yeqembu labantu abangamakhulu amaningana, ukukhuluma kubo?"

10 Yebo, yindikimba encane, kodwa yindikimba ephuma eZwini likaNkulunkulu oPhakade. Futhi akusikho kangako ukuthi inkulu kangakanani, yinani elikuyo. Izikhathi eziningi sibeka amanani phezu kokuthi bukanjani ubungako banoma yini, ubuningi, kodwa akusibo neze ubuningi, yikhwalithi efanele ibelulekile.

11 Esikhathini esithile esedlule, umngane wami omncane wayefunisisa ekamelweni eliphansi kophahla endlini endala ukuthi unina noyise babesanda kungena kuyo nje nomndeni wabo. Futhi wayese . . . wathola itranki elidala. Ebuka kwamanye amagugu asendulo amadala nezinto okwakukuletranki, wagijimela esitembini esincane sokuposa, cishe isikwele esinguhhafu we-intshi nje. Futhi esabuka lesisitembu sokuposa, siphuzi impela, futhi wathi, "Uyazi, lokho kungahle kube nenani."

12 Ngakho ngento eyodwa emqondweni, ikhoni enhle ka ayisikhilimu, wehla isitaladi waya kumngane wakhe owayengumqoqi wezitembu. Futhi lapho efika kumqoqi wezitembu, wathi, "Ngithole isitembu, futhi angazi noma likhona yini inani kulesisitembu."

Nomqoqi khona manjalo, ephosa ingilazi yakhe enkulu esitembini, "Ngani," wathi, "yebo, ndodana, ngizosithenga lesositembu kuwe."

Wathi, "Uzonginika malini ngalesisitembu na?"

Wayelindele amasenti amahlanu, nomqoqi wathi, "Ngizokunika idola eliyiphepha ngalesositembu."

O, lokho kwakusho o-ayisikhilimu abaningi, ngakho wathi, “Sesithengisiwe!”

13 Futhi umqoqi wezitembu enomuzwa othile wenani esitembini, kamuva wathengisa lesositembu ngamadola angamashumi amahlanu, futhi kancane emva kwalokho sathengiswa futhi ngamadola angamakhulu amahlanu, futhi ekugcineni ngezwa ngalesositembu, sathengiswa ngekwata yesigidi samadola.

14 Niyabo, akusibo ubungako baso, yilokho okwakubhalwe esitembini okwenza umehluko. Ngakho kungaleyondlela ngeZwi likaNkulunkulu, akusikho ukuthi sifunda kangakanani, kuyinani leZwi, ngoba Lingukuvezwa kukaNkulunkulu ongafiyo. Kusukela phansi eminyakeni amadoda amaningi afunde lomBhalo ofanayo, futhi Awukaze wehluleke ukufeza inhloso yaWo.

15 Uma ngikubhalele incwadi, ngikholwa ukuthi singabangane ngokwenele ukuthi ubuzokuthakasela, futhi uma ungibhalele eyodwa, bengiyokuthakasela, kodwa uma incwadi yakho ibiqondiswe kimi nje, emva kokuba sengiyifundile, ibingeke ibe yigugu kangako, noma ibingeke ibe yigugu kunoma ubani omunye, bekuyoba yincwadi ebiqondiswe kimi, noma incwadi yami iqondiswe kuwe, futhi emva kokuba isifundiwe kanye ibingalahlwa, ngaphandle uma nje uyigcine njengegugu lasemandulo.

16 Kodwa, o, akunjalo ngeZwi likaNkulunkulu, ngoba Alibhekiselwanga kunoma yimuphi umuntu othize ngamunye, Labhekiselwa kuso sonke isizwe sika-Adamu esiwile, kuso sonke isidalwa esisazokufa, yingakho Liyigugu kakhulu. IZwi elilodwa nje, ungabambelela kuLo ngakho konke okungaphakathi kuwe futhi wazi ukuthi Liyiqiniso. UJesu wathi, “Yonke imiBhalo ifanele igcwaliseke.” Wathi, “Kodlula amaZulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka.”

17 Kwakukhona umuntu omnyama omdala ngesinye isikhathi wathi, “Ngingaqoka ukuma eZwini likaNkulunkulu kunokuma eZulwini.”

Nendoda yathi, “Ukufanisa kanjani lokho, Malume na?”

Wathi, “Ngoba kokubili iZulu nomhlaba kodlula, kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze ledlula.”

18 Kuyiqiniso kanjani lokho! Futhi nginganiqinisekisa kulobubusuku, futhi ngizoya erekhodini kulamateyipu, ukuthi noma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu uNkulunkulu asenzile, uma uzothatha isimo sengqondo esifanele kulesosithembiso, uNkulunkulu uzosifezekisa, kungakhathaleki ukuthi siyini. Ngokuba uNkulunkulu angesho into ethize ngesinye isikhathi, nento ethize ephambene nalokho ngesinye isikhathi, ngoba Ungongenasiphelo.

19 Manje, wena nami sithola ukuhlakanipha ngokwedlulele, noma sifanele, isintu sithola ukuhlakanipha ngokwedlulele, uNkulunkulu angethole ukuhlakanipha ngokwedlulele, ngoba Ungongenasiphelo kwasekuqaleni. Futhi njalo lapho Enza isinqumo, ngaso sonke isikhathi leyonhlekelele efanayo ivuka, Uzofanele enze isinqumo esifanayo, kungenjalo Wasenza ngokungesikho ngenkathi Enza esokuqala. Akakwazi ukuhlehla bese ethi, "Nganginephutha," ngoba UnguNkulunkulu. Bese kuthi-ke uma Engenza iphutha, Ungofayo njengawe nami. Ngakho hlobo luni lwethemba lokho okusinika lona na? Uma sifunda leliZwi elibusisiwe siyazi ukuthi Liyiqiniso; khona lapho sima eZwini likaNkulunkulu.

20 Lokhu ukufundwa komBhalo kulobubusuku kuthi akube yindikimba engejwayelekile, futhi ngihlose ukuyisebenzisa kunalokho ngokungejwayelekile ngendlela ejwayelekile yokubhekana nayo. Kodwa uNkulunkulu akajwayelekile, iZwi laKhe alejwayelekile, Wenza izinto ngesinye isikhathi ezingejwayelekile, UngoMkhulu, uNkulunkulu uSomandla.

21 Futhi siyaqaphela lapha ukuthi kwakuyisehlakalo esinjalo kumphostoli uPetru, ukuthi kamuva ngenkathi ebhekisela esehlakalweni, wayibiza ngentaba engcwele. Kodwa angikholwa ukuthi wayeqonde ukuthi intaba yayingcwele, Kwakungesiyo intaba engcwele, KwakunguNkulunkulu oNgcwele entabeni. Akusilo iBandla elingcwele, nguMoya oNgcwele eBandleni oLenza libe yilokho eLiyikho. Akusuye umuntu ongcwele, nguMoya oNgcwele.

22 Futhi manje, sithola ukuthi iNkosi yethu ayizange yenze lutho nje ngokungahleliwe, wonke umnyakazo Eyawenza wawugcotshwe nguBaba. Thina, siya ngokungahlelekile nje, kodwa Yathi, "Ngenza njalo lezozinto ezithokozisa uBaba." Ngakho wonke umnyakazo Eyawenza wawusho okuthile, futhi wawuzothokozisa uNkulunkulu. O, bengingathi lapha, bekungeke yini kumangalise uma besingaba nobufakazi obunjalo, ukuthi senza njalo lokho okuthokozisa uNkulunkulu na?

23 Ngakho, siYithola lapha inyukela entabeni, njengoba sikubiza kanjalo, iNtaba yokuGuqulwa isimo. Ngithanda njalo ukukubuka ngomqondo wangempela okulotshwe kuwo, ukuthi cishe impela bonke abazalwane bami abakhonzisayo basondela kukho, njengomfanekiso wokuFika kwesibili kweNkosi, futhi lokho kuyiqiniso.

24 Kodwa akukho nowodwa umBhalo kulo lonke iBhayibheli ngaphandle kwalowo ozohlangana okwesisila sejuba futhi uxhumane nomBhalo olandelayo, konke nokunci kwaWo kuyisithombe esisodwa esikhulukazi, kusukela le ensimini yase-Edene nendlela yaseKalvari, kubuyele ensimini futhi, esisodwa nje esikhulu, isithombe esihle.

25 Futhi angiqondile ukuthuka okungcwele ngokwenza leliphutha, noma, lenkulumombiko, futhi uma kuyiphutha, uNkulunkulu angithethelele, kodwa Kufana nomdlalo oyindidane wokuxhuma abapulangwe asikwe ngokugwegwesa ofanele u, uKuhlanganisa ndawonye, ufanele ube noMoya oNgcwele ukuKuhlanganisa ndawonye. Njengomdlalo oyindidane wokuxhuma abapulangwe asikwe ngokugwegwesa, uthola isithombe eceleni bese ubuka isithombe, bese-ke ukubeka ngendlela isithombe esibukeka ngayo.

26 Futhi umBhalo awuchasiselwa ngumuntu ngokwakhe, Walotshwa nguMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele nguYe kuphela OngaWembula, ngokuba Ufihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wembulelwa izingane zona eziyofunda. Ngakho uma ungabhekisisi, uma ungasebenzisi umqondo kaMoya oNgcwele ukuWuhlanganisa ndawonye, uzoba nenkundla yakho ixoveke yonke, isibonelo nje, njengenkomazi icosha utshani esicongweni sesihlahla. Futhi lokho kuthi nje akube yindlela okunye kwakho okubukeka ngayo. Lapho sicabanga ukuthi singaya eZulwini ngokuxhawulana nomshumayeli, noma ukubhaphathizwa emanzini ngendlela ethize, noma isivumokholo esithize esincane ukusiphindaphinda, ngani kuyinhlekisa!

27 UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngamanzi, nangoMoya, akasoze angena eMbusweni." Ngakho ku—ku, isithombe sibukeka siyinhlekisa, kodwa indlela kuphela ebesingakuthola ngayo kungokwemukela uMoya oNgcwele, kuqala, kithi, khona-ke Usifundisa iqiniso nokuPhila. Akasoze aphikisana neZwi, Uhlala njalo eseZwini.

28 Ngakho uma umoya okuwe uthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, akusiwo uMoya oNgcwele. Uma ukholwa ukuthi uJesu useguqukile eminyakeni edlule, uma lowomoya kuwe usho lokho, khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele obusisiweyo, Ufakaza ngeZwi.

29 Futhi manje, njengoba siqhubeka nenkundla yethu, sithola uJesu ethathe amadoda amathathu, uPetru, uJakobe, noJohane, futhi Wayelungiselela ukwenza okuthize. Futhi lapho uNkulunkulu enza noma yini, Ukwenza njalo phambi kofakazi, Akakwenzi nje budlabha, Wenza ufakazi. Futhi eTestamenteni eLidala naseTestamenteni eLisha, futhi, okuthathu ngufakazi, ngakho Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane ukuba babe ngufakazi walokho uNkulunkulu ayelungiselela ukukwenza.

30 Bengihlale ngicabanga, ngenkathi Engena endlini kaJayiru ukuyovusa indodakazi yakhe owesifazane, noma, indodakazi yakhe owesilisa kwabafileyo, siMthola ethatha uPetru, uJakobe, noJohane, labo abathathu, futhi kungahle nje kube ngumcabango omncane wami uqobo, kodwa ngamunye walabo wayemele okuthize: uPetru wayemele ukukholwa, noJakobe

wayemele ithemba, noJohane wayemele uthando. Ithemba, ukukholwa, nothando, lezi yiziphiwo ezintathu ezinkulu kunazo zonke, noNkulunkulu wayebonakalisa imisebenzi yaKhe ngeziphiwo zaKhe ezintathu ezinkulu.

31 Futhi niyaqaphela entabeni, kwakukhona abathathu ababevela eZulwini ukukufakazisa, ukuthi kokubili iZulu nomhlaba kuyokwazi ukuthi uNkulunkulu wayenzani. Kwakukhona entabeni uMose, u-Eliya, noJesu, izidalwa zaseZulwini ezintathu ukubhekisisa lokhu kwenzeka.

32 Kusobala manje, kwakuchaza futhi kwakumele ukuFika kwesiBili, njengoba sithola ukuthi kwakungokokuqala babheka phezulu base bebona uMose no-Eliya, ozobuya ngezinsuku zokugcina ngaphambi kokuFika kweNkosi, noma ukuthathwa kwensali yebandla lamaJuda, ukushumayela i—iminyaka emithathu nengxenye esele yesiprofetho sikaDanyeli ku-Israyeli kuphela, emva kokuba iBandla selithathiwe. Base-ke bebheka emuva futhi babona uJesu yedwa. Manje, kwakusho enye into ethize. Futhi yilapho esifuna khona ukubeka imicabango yethu khona njengamanje.

33 UNkulunkulu akazange acele umuntu ukuba enze noma yini Abengeke ayenze Yena uqobo. Futhi eTestamenteni eLidala, sithola ukuthi babenendlela ngenkathi indodana izalwa emndenini, yayiyindlalifa ngempela ngokushesha nje lapho izalwa, kodwa kuqala yayifanele ifakazelwe, noma ikhuliswe, noma ifundiswe, kwabaseGalathiya 4, uPawulu ukhuluma ngakho, futhi kwakungukubekwa kwendodana. Siyakuthola kwabase-Efesu 1:5 ukuthi lapho esamiselwa khona ngaphambili ekwenziweni amadodana ngoJesu Kristu. UNkulunkulu ngokwazi kwaKhe ngaphambili wamisela ngaphambili abantwana baKhe ngokwenziwa umntwana kuJesu Kristu, noma, ngoJesu Kristu.

34 O, ngiyalithanda nje iTestamente eLidala, ngokuba Linikeza isibikezelo seLisha. Futhi konke okwaLo ndawonye kuhlangana okwesisila sejuba ndawonye ukwenza isithombe esikhulu.

35 Manje, izikhathi eziningi kwiHumusho leKing James, sihlangana namazwi athize axakile, isibonelo nje, ku—kuJohane oNgcwele 14, Lathi, "ENdlini kaBaba waMi kunemizi eminingi." Endlini, imizi eminingi na? Ibingaba kanjani indlu emzini na? Izindlu eziningi ezinkulu emzini, lokho akubonakali kulungile, kubonakala sengathi kukhona okungalungile ngakho.

36 Omunye wabahumushi wakwenza kwaba yinhlekisa kakhulu kunalokho, wathi, "Endlini enamakamelo kaBaba waMi kunezindlu eziningi ezingamakamelo," sengathi besenyukela lapho ukuyoqasha ikamelo. Ngijabula kakhulu ukuthi lokho kuzophela lapho sedlula lenkundla lapha!

37 Kodwa okwangempela, ukuhunyushwa kweqiniso komBhalo esiGrekini sasekuqaleni kufundeka kanje:

"EMbusweni kaBaba waMi kunezigodlo eziningi." Kodwa ngezinsuku lapho abahumushi behumushela iKing James, wayebizwa ngobaba wendawo yakhe yokubusa, futhi zonke izikhonzi zakhe ezincane zazihlala endlini yakhe, indawo yakhe yokubusa, yingalesosizathu babekwazi ukukuqonda kangcono.

38 Manje, lokho kwakungokweBhayibheli kakhulu, ngoba eTestamenteni eLidala ubaba wayenengxenye enkulu yezwe, futhi wayenezinceku eziningi zihlala ezingxenyeni zalomhlaba nezimvu, nanezinkomo, kanye nengxenye yezolimo yepulazi lakhe. Futhi lapho indodana izalwa . . .

39 Manje khumbulani, nakhu lapho nina bantu bePentecostal nigeja khona umaka; ngiyaxolisa ngokusho lokho, kodwa nje ukuze niqonde. Wathi nje ungazalwa ngokusha futhi wemukela uMoya oNgcwele, wacabanga ukuthi lokho kwakuxazulula, lokho kwakuyisiqalo nje.

40 Manje, ngenkathi umntwana ezalwa emndenini, wayeyindlalifa, impela, wathi nje angazalwa, kodwa wayengenafa waze wafakazelwa. Bese kuthi-ke lobaba wayephuma, futhi aqalaze, futhi athole umkhulisi obedlula bonke, noma uthisha ayengamthola, phezu komntwana wakhe.

41 Manje, wayengeke nje athathe noma yiluphi uhlobo lukathisha, kufanele kube ngowangempela, ngokoqobo, uthisha omuhle, ngoba wayemthanda umntwana wakhe, futhi wayefuna umntwana wakhe abe nemfundo edlula yonke ayengayithola. Wayefuna umntwana wakhe akhuliswe ngokuthonya okukhulu kunakho konke kokulunga okwakunganikezwa, ngoba wayeyindoda elungileyo qobo lwakhe, futhi wayefuna umntwana wakhe akhuliswe ngendlela efanayo.

42 Ngangifunda indatshana encane ngoluny'usuku ephepheni, ukuthi lapho imbali yokugcina yentando yeningi yangempela yafiphala futhi yafela kwelinye lamagceke enu ase-Ohio ngolunye usuku ngenkathi umndeni wamaMennonite ugwetshwa iminyaka emibili ejele ngokungavumeli abantwana babo baye esikoleni esiphakeme sesimodeni. Ngabe lena isiphenduke indawo, akusesiyo inkululeko yenkolo na? Intando yeningi? Asisenayo, nhlobo. Kunjalo impela. O, ihlazo elinje pho!

43 Kwase kuthi-ke umahluleli ongalungile wazama ukuzithethelela ngokusho kubaba, "Nika uKesari okukaKesari."

Nobaba wamphendula wayesethi, "KuNkulunkulu na?"

44 Abakaze babe nobuhlongandlebe bentsha phakathi kwabantu abangamaMennonite, abakaze babe nanoma yimuphi umculo wokuzibinya, izinto zamatshitshi namabhungu phakathi kwabantu abangamaMennonite. Futhi uma bengakhiqiza isivuno esinjalo ngaphandle kwemfundo yethu yesimodeni, uNkulunkulu abe nabo ngumkhuleko wami.

45 Ngingaqoka ukuba nomfana wami entweni ethize enjengaleyo futhi engabazi ngisho o-ABC bakhe, ngingaqoka ukuthi uyokwazi uKristu futhi azalwe ngokusha, futhi angawazi umehluko phakathi kukabhontshisi ohlukanisiwe nekhofi. Kunjalo. Sidinga iVangeli eliyifeshini endala lishunyayelwe futhi ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Lapho isizwe sakithi sifika endaweni ukuthi sisiphanga uMthethosisekelo wethu, kukhombisa ukuthi ikhomanisi likubolise kwaze kwayofika emnyombweni. Kunjalo impela.

46 MMennonite, ngingowenu, uNkulunkulu anibusise, hlalani nakho. Ngizonikhulekela, ngenze konke engingakwenza.

47 Ngimangele kakhulu ebusukwini obumbalwa obedlule ukuphakamisa isisitho sami futhi ngibuke eYMCA, YM (Izinsizwa) CA, nesigejane sabesifazane abasebasha laphaya benza umculo wokuzibinya. Usho ukuthini lowo *C* kwiYMCA? Ngacabanga ukuthi wawumele u*Kristu*. Uma amabandla ethu selibe ngelingcoliswe kanjalo, nenqubo yethu yezemfundo, yini esisalele ngaphandle kwenxushunxushu na?

48 Nebandla qobo lwalo selibe ngelehliswe isithunzi kakhulu ezindaweni zethu ukufundisa lomculo wokuzibinya wesimodeni, umbhedo ka-Elvis Presley, bese-ke nizibiza ngamaKristu. Naziwa ngezithelo zenu. Nazi kangcono kunalokho.

49 O, yileyo indaba namhlanje. Semukele ofundisayo ohlukile webandla likaNkulunkulu ophilayo, kunalokho uNkulunkulu asinika khona. Wacinga Ofundisayo ongcono kunabo bonke Ayengamthola, futhi Ofundisayo wethu akasuye umbhishobhi othize noma uphapha othize, kodwa nguMoya oNgcwele wanikezwa njengo Ofundisayo eBandleni ukuba aLikhulise, futhi niyakwazi lokho.

50 UMoya oNgcwele ungowokukhulisa iBandla nokuLinakekela ekuhlonipheni nasenhloniphweni kaYise neyeZwi laKhe. Indodana enje pho uNkulunkulu anayo manje! Kodwa semukele amanye amadoda nesayense yawo yezenkolo nezinye zezivumokholo zawo ezenziwe ngumuntu, futhi niyabona ukuthi sesifike kuphi na? Bese-ke umpongoloza ngesono, nangamakhomanisi, namabandla ethu angcolisayo na? Ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama. Kunjalo impela. Ngiyazi ukuthi lokho ukushumayela okuyifeshini endala, kodwa kuzokusindisa, kuzokwenza wehluke.

51 Ngenkathi ngisengumfanyana sakhuliswa ezintabeni zaseKentucky, futhi kwakunzima ukuhamba. Sasihlala endlwaneni yezingodo endadlana, kungekho phansi kuyo, isiqu esidala siyitafula, sasahwa, umbhede omdadlana ekhoneni nezinsimbi zothango ziwuzungezile, ubekwe phezu kotshani obomile, no—umqamelo wekhoba lommbila. Anazi ukuthi izikhathi ezinzima siyini.

52 Futhi ngiyakhumbula uMama wayevame ukuthola izikhumba zikabhekeni ezindala futhi asikhame ukuze enze ugrisi wesinkwa sommbila; futhi wawungenamsoco kakhulu. Kuyamangalisa ukuthi sasingenazo zonke izinhlobo zokuguliswa okungahambisani nomzimba uma uNkulunkulu wayekade engekho lapho ukuba asisize.

53 Kodwa niyazi ukuthi kwenzekani na? Wayekhama logrisi omdala futhi awufake lapho, futhi njalo ngoMgqibelo ebusuku lapho thina bafanyana sifika ekhaya sivela esikoleni, sonke sadingeka sithathe umthamo kakhasta oyela, silungiselwe uMsombuluko ukubuyela esikoleni. Futhi ngangiza kuMama, ngangibamba ikhala lami, futhi ngiyothi, "Mama, angikwazi nje ukuwuthatha!" Ngathi, "Kungenza ngigule ngisho nokuwuhogela."

Wayesethi, "Uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho."

54 Kungaleyondlela ngokushumayela iVangeli: Uma kungakwenzi ube kahle kakhulu futhi ugule, mhlawumbe kuzoshukumisa izazi zakho zokudla okumnandi zokomoya ukuba ucabangisise izinto, ukulungisana noNkulunkulu, futhi usuke kulombhedo wesimodeni obizwa ngenkolo. Akumangalisi uMoya oNgcwele udabukile.

55 Lo ofundisayo wayedingeka alethe umlayezo ofanele, wayengeke abe ngumfo ofuna uphaphe esigqokweni sakhe, ubaba ubengeke abe nokunjalo, wadingeka alethe uhlobo olufanele lomlayezo kubaba, ukuthi umntwana wayeqhubeka kanjani. Futhi ucabanga ukuthi lowo ofundisayo ubeyocabangani lapho efika phambi kukayise, futhi uyothi, "Indodana yakho ayenzi kahle kakhulu. O, ingothunywa le na le nje, uhlobo oluyimbuka lomntwana, akanandaba"? Ubaba ubeyokhothamisa kanjani ikhanda lakhe ehlazekile!

56 Ufanele uzizwe kanjani uMoya oNgcwele khona-ke, othunyelwe ukuba abe nguMkhulisi wethu, Ofundisayo wethu, uThisha wethu, futhi alethe umlayezo webandla, wamadodana kaNkulunkulu phambi kukaBaba, "Ngani," Uthi, "banesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika!" Lokho kufanele kumlimaze kanjani uMoya oNgcwele ukuba asho lokho! Kodwa khumbulani Akabhekile utshani obomile, noma, uphaphe esigqokweni sakhe, Utshela uNkulunkulu iqiniso ngakho, UnguMkhulisi wethu.

57 Futhi manje kinina bantu bobungcwele, iPentecostal, iFree Methodisti, amaNazarene, iPilgrim Holiness: Ngiyasikhumbula isikhathi lapho kwakungalungile kini besifazane ukuba nigunde izinwele zenu. Kwenzekeni na? Niyazi ukuthi iBhayibheli linika indoda ilungelo lokuthola isehlukaniso kumkayo lapho egunda izinwele zakhe na? IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane ugunda izinwele zakhe, uhlazisa indoda yakhe. Lelo yiqiniso.

58 Futhi uphuma lapha ugqoke lezi ezindadlana ezingcolile, ezikhohlakele, izingubo ezingamanyala, ezibizwa ngezikhindi, ukugunda utshani egcekeni elingemuva, futhi uzibize ngomKristu na? UMoya oNgcwele ufanele azizwe kanjani phambi kukaBaba lapho Ezofanele aveze lokho!

59 "O," wena uthi, "Angizigqoki izikhindi, Mfowethu Branham, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

60 Lokho kubi kakhulu. Niyazi lelo yiqiniso. Kulungile. IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane oyogqoka noma iyiphi ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni aKhe. Kunjalo. Lowo ngumBhalo. Yilokho uNkulunkulu akusho.

61 Kodwa niyazi ukuthi yini indaba na? Ngubuthakathaka bamapulpiti enu, bayesaba ukunitshela iqiniso. Kunjalo. Ngezinye izikhathi yithikithi lokudla. Ngingamane ngilale ngesisu sami futhi ngiphuze amanzi egatsha futhi ngidle amakhekhe omile kasoda, futhi ngishumayele iqiniso, kunokuba ngibe nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku futhi ngifanele ngi. . .kunjalo, ukuba neqiniso nje, ukusho okuyiqiniso. Uzodingeka uphendule ngoSuku lokwaHlulela phambi kukaNkulunkulu ngalezizinto. Kunjalo. O, ihlazo elingaka pho!

62 Ngiyakhumbula ngenkathi kwakungalungile ukuba abesifazane bapende ubuso babo, ikakhulukazi nina bantu bobungcwele nePentecostal, kodwa kukhona okwenzekile. Angikusho lokhu ukuba kube yihlaya, lena akusiyo indawo yokwenza ihlaya, leli yipulpiti, isihlalo sokwahlulela, kodwa kwakukhona owesifazane oyedwa kuphela eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe, futhi lowo kwakunguJezebeli. Kunjalo. IBhayibheli lathi wapenda ubuso bakhe. Futhi niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani kuye na? Wamphakela izinja. Kunjalo impela. Ngakho lapho ubona owesifazane nobuso obupendiwe, ungathi, "Yinyama yenja kaNkulunkulu." Yilokho impela uNkulunkulu athi kwakuyikho. Manje, niyazi ukuthi lokho kuqinisile.

63 Angiqondile ukulimaza imizwa yenu, kodwa ngifanele ngime nani ekwaHlulelweni ngezinye zalezizinsuku ukuba ngizilande ngaleliZwi.

64 "O," wena uthi, "Angisiyo inyama yenja."

65 Ukufakele ini, ukuzwa ikhwela lempisi na? "*Whiwu-whewu!*" Inyama yenja, khona impela uNkulunkulu athi kwakuyikho. Ucabanga ukuthi yikhwela lempisi; yimpisi kunjalo. Awu, ugqoka . . .

66 Wena uthi, "Angikugqoki."

67 Lezi ezindadlana ezikhanukisayo, izingubo ezingcolile, abesifazane ezansi nesitaladi lapha begqoke izingubo ezibukeka sengathi bathululelwa kuzo!

68 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uyazi ukuthini? Abathengisi lutho olunye ngaphandle kwalokho."

69 Kodwa dadewethu, lokho akuzona izaba, basayithengisa imishini yokuthunga. Kunjalo. Impela yiqiniso.

70 Futhi ngifuna ukunitshela okuthize ukusonga lokhu umzuzu nje. Niyazi ukuthini? NgoSuku lokwaHlulela ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho, kodwa uzophendula kuNkulunkulu ngokuphinga. IBhayibheli lathi, uJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe." Lapho lesosoni sikubuka futhi sikukhanuke, nakuba singazange sikuthinte, lapho siphendula ngokuphinga, unecala lokukwenza naso. Kuyilokho iBhayibheli elakusho.

71 Manje, ungathatha okunye kwalokhu okuncane okubili kokune uma ufuna, kodwa yilokho uNkulunkulu akusho, yilokho uKristu akusho. Manje, lelo yiqiniso. O, Nkulunkulu yiba nomusa! Ufanele ucabangeni uMoya oNgcwele omkhulu lapho Efika phambi kukaBaba na?

72 Wena uthi, "Kungani ugcona thina besifazane na?"

73 Kulungile, madoda, nakhu laph'ukhona: Noma yiyiphi indoda eyovumela umkayo abheme osikilidi futhi agqoke lolohlobo lwezingubo, ikhombisa ukuthi yenziwe ngani, ayiyona indoda kakhulu kangako. Kunjalo impela. Qiniso. Ayimthandi, kungenjalo ibiyothatha ibhodi futhi imqhumise ngalo; niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Manje, angikusho lokho ukuba ngibe ngohlakaniphile. Nginitshela iqiniso. Kunjalo. Ufanele ucabangeni uMoya oNgcwele na?

74 Manje, ngizonihlanganisa nobabili. Wena ozohlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukubona umdlalo othize omdala oyinhlamba njengothi *We love Susie*, noma into ethize efana naleyo, futhi ungabibikho emhlanganweni womkhuleko, kukhombisa ukuthi nobabili nenziwe ngani. Kunjalo impela. Futhi lelo yibandla.

75 Futhi ngoLwezibili nangoLwezithathu, kanjalonjalo, ekuseni, ngelesishiyagalolunye noma ngeleshumi nqo, uzolalela umuntu othize onesimilo esibi njengo-Arthur Godfrey nawo onke amahlaya akhe angcolile, adinayo, esikhundleni sendawo eyimfihlo ekamelweni ukhuleka futhi ufunda iBhayibheli lakho. Kunjalo. Niyakwazi lokho.

76 Nasendlini yakho lokho okunyundayo, okungcolile, umculo wokuzibinya, izinto zodum-dum zikaElvis Presley! Munye kuphela umehluko phakathi kuka-Elvis Presley noJuda Iskariyothe: UJuda wafumana izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu ngokuthengisa; u-Elvis wafumana amadola ayizigidi ezimbalwa noxhaxha loCadillac, yilowo kuphela umehluko. Ethengisa ngobuzibulo bakhe njengomKristu ukuba angene embhedweni onjengalowo. Futhi ngoba uyasukuma futhi acule amaculo ambalwa ezenkolo,

nibiza lokho ngenkolo na? Ungeke waxuba amafutha namanzi. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso.

77 Ufanele acabangeni uBaba na? Kunjalo. NoMoya oNgcwele obusisiwe uzofanele ulethe lezizindaba kuBaba, ukuthi amadodana namadodakazi aKhe ahamba kanjani. Ufanele kanjani akhothamise ikhanda laKhe!

78 Kunendawo eyodwa emBhalweni lapho okwathi khona umprofethi washaywa amahloni ngenxa yezono zabantu ngenkathi ema phambi kukaNkulunkulu. Ufanele uzizwe kanjani uMoya oNgcwele lapho Ema phambi kukaNkulunkulu na? Akumangalisi singeke saba nemvuselelo.

79 Akumangalisi ukuthi uBilly Graham, uJack Shuler, u-Oral Roberts, nabo bonke labobefundisi abakhulu bakaKristu ufunisise emuva naphambili kule-United States, emuva naphambili, nasemuva naphambili, futhi kuselokhu kungekho mvuselelo. Akusilo iphutha labo, akusilo iphutha likaNkulunkulu, yiphutha lamabandla ngokungabi semgqeni neBhayibheli. Kunjalo impela. Futhi sesilungele ukwahlulelwa.

80 Manje, khumbulani akunandaba ukuthi kwakungumntwana kangakanani, uma lowomntwana wayengalaleli, kwakuyimbuka elejwayelekile, alizange libe nefa. Futhi ukhuluma ngeziphiwo zithunyelwa emuva ebandleni. UNkulunkulu wayengazibekaphi iziphiwo zaKhe na? Nicabanga ukuthi uNkulunkulu ubeyofaka amaFutha aKhe aNgcwele esitsheni esingahlanzekile na? Impela ngeke.

81 Yileyo indaba ngebandla kulobubusuku. Yingalesosizathu unokuningi kangaka ukuzenzisa, nezimfundiso ezigqamileyo, namadlingozi. Uzama ukuzithathela amadlingozi athize ngento yangempela. Kungani uthatha i—isibambiso, lapho izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangempela na? Yiqiniso, niyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

82 Kodwa uBaba ufanele akuzwe lokho kolowo Ofundisayo, uMoya oNgcwele, "O, bebengeke baNgilalele. Balalela indoda eyathi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule.' Balalela indoda eyathi, 'O, vele ujoyine ibandla, kuzolunga, siyihlelo elikhulu eliphile iminyaka.'" NoMoya oNgcwele uzama ukuletha uMlayezo waKhe kuwe ngaso sonke isikhathi.

83 "Angidingi ukuba ngilalele labo abancane, abashumayeli abayiziwula. Ngizokwenza engifuna ukukwenza."

Qhubeka ngqo, lokho kukhombisa okukuwe. Qhabo . . .

84 Umfo wathi kimi esikhathini esithile esedlule, wathi, "Angikhathali ukuthi uthini, ukuthi noma yini ithini, angikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu."

85 Ngathi, "Kusobala qha, akuthunyelwanga abangakholwayo, kwathunyelwa kuphela kulabo abakholwayo. Ngamakholwa

akwemukelayo, hhayi abangakholwayo, kwakungahloselwe bona, kwathunyelwa ukubalahla ngecala."

86 Khumbulani, amanzi afanayo aminzisa izwe, asindisa uNowa. Kunjalo. NoMoya oNgcwele ofanayo, neVangeli elifanayo eliyifeshini endala elizoyisa iBandla eKhaya ngolunye usuku oHlwithweni uzolahla ngecala futhi ulethe ukwahlulela kongakholwayo. Kunjalo impela. Simi lapho-ke, uNkulunkulu emseni waKhe.

87 Manje, uma-ke isithombe sishintsha, nendodana iyindodana elungileyo, ukuthi ithanda kanjani ukuba semsebenzini kababa, ithanda kanjani ukwenza izinto ubaba athanda ukuba izenze na? O, o—ofundisayo ubeyoza kanjani kubaba futhi athi, "Mnumzane, o, ngikulethela izindaba ezimnandi. Umfana wakho, u," ngiyaxolisa ngesisho ekufanekiseni kwami, kodwa, "uwukhamba olufuze imbiza," besiyosho njalo. "Ufana noyise nje!"

88 Awu, yileyondlela uMoya oNgcwele afuna ukukuletha ngayo lapho ukholwa yikho konke okweZwi likaNkulunkulu, lapho wemukela lonke iVangeli eligcwele, lapho ukholelwa kukho konke uNkulunkulu akuloba, Liyiqiniso. UNkulunkulu ufuna ukukholwe ngaleyondlela.

89 Khona-ke ubaba ufanele asiqhunsule kanjani isifuba sakhe, athi, "Yebo, ngumfana wami lowo!" Futhi kwenzekani ngaleyonkathi na? Kamuva, nakho kufika isikhathi ngenkathi lowobaba emukela lowomntwana emndenini, noma kinina befundisi basesontweni lapho, "Ukubekwa kwendodana," yilokho engikhuluma ngakho. Wemukela umntwana wakhe uqobo, noma wambeka, ngokwendawo eyiyona yona, emndenini wakhe. Manje, wayengumfana nje kwasekuqaleni, u—u... babefanele bathole ukuthi isimilo sakhe sasiyini.

90 Yilokho uNkulunkulu akade ezama ukukwenza ngenkathi Enisa uMoya oNgcwele phansi phezu kwenu konke cishe eminyakeni engamashumi amane edlule, ngenkathi unezinsuku ezindala, ngenkathi unemihlangano yomkhuleko ubusuku bonke gulukunqu, ngenkathi ukhala izinyembezi, futhi wakhala, futhi wakhuleka, futhi waba munyu ngenxa yezoni. Futhi namhlanje ufanele ubancenge ukuba beze e-altare ukuba bakhuleke nesoni esizisolayo. Kwenzekani na?

91 UMoya oNgcwele wathi Wabeka uphawu kuphela labo abakhala izinyembezi futhi babubula ngesinengiso esenziwa emzini. Ubani Abeyombeka uphawu kulelidolobha kulobubusuku na? Ubani olala ngobuso babo imini nobusuku ekhalela izono edolobheni na? Ungawubeka umunwe wakho koyedwa na? Niyabo, isiphepho sesithi asiphele, futhi lokho kunjalo, kodwa silapha.

92 Manje, uma wayengumntwana olalelayo, wayemthanda uyise, akunandaba ukuthi noma yimuphi wabanye abafana

wathini epulazini elilandelayo, wayazi ukuthi uyise wayefunani, wayekwazi ukwehlukanisa ngendlela ayakhe ngayo nalokho ayekwenzile, lokho aye—ayekufuna.

93 Futhi umuntu oyindodana kaNkulunkulu ufunda iBhayibheli futhi abone ukuthi uNkulunkulu ubeyini izolo, Usenguye namhlanje. UMkholwa ukuthi uyafana ngomgomo, emandleni, yonke into Ake aba yiyo, uJehova omkhulu usalokhu efana. IBhayibheli lathi, amaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Leyo yindodana yeqiniso iyakukholwa lokho.

94 Khona-ke ngenkathi efakazisa ukuthi iyindodana yeqiniso, nakhu okwenziwa nguyise: Wayikhiphela endaweni yomphakathi, esitaladini, wayesethatha lendodana, wayeseyimisa, wayeseyembathisa ingubo ende, ingubo ekhethekile yalomcimbi okhethekile, kwase kuthi-ke kwabakhona umgubho ofundwayo, futhi lobaba wemukela indodana yakhe uqobo emndenini wakhe, kwase kuthi-ke noma yini leyondodana eyayenzayo yaphendulwa nguyise. Igama lendodana lalilihle nje eshekeni njengoba lalinjalo elikayise, ngoba yabekwa ngokwendawo eyiyona yona kulowomndeni.

95 Futhi yilokho okuyikho. Lapho semukela uMoya oNgcwele, akusikho nje ukugxuma phansi naphezulu nokumemeza ngakho, akusikho nje ukukhuluma ngezilimi, noma ukugijima phezu kwephansi, akusikho ukuhlela iqembu, bese uthi, "SinaKho, nonke aninakho." Kungukusebenza ngothando nentobeko njengoba uKristu efikela ukwenza ngakho. "Lokhu bonke abantu bazokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye."

96 Futhi singalindela kanjani ukuhlonishwa okuvela kuNkulunkulu lapho silindele ukuhlonishwa komunye nomunye na? Kodwa, "O, ngingahle ngibe yigosa lesifunda uma nje ngibambelela kahle esikweni. Ngingahle ngoluny'usuku ngibe ngumbhishobhi." Ungamkholwa kanjani uNkulunkulu lapho une—une . . . hloniphana omunye nomunye kulowo—lowomugqa na? Ungakwenza kanjani na? IBhayibheli lathi ungeke.

97 Kodwa, "O, mina neqembu lami sinaWo, futhi asizukuzihlanganisa ngalutho naleyomvuselelo ezansi lapho kuleyondlu yesikole. Asibambisani, ngakho ngeke ngihambe." Lokho kukhombisa ukuthi uyini. "Lapho kukhona isidumbu, izinkozi zizobuthana khona."

98 Ngishumayela ngezinkozi ezinsukwini ezimbalwa, iNkosi ithanda. "Lapho kukhona isiDumbu, izinkozi zizobuthana khona," nguKudla kwezinkozi; izinkozi zithanda uKudla kwezinkozi, izimvu zithanda uKudla kwezimvu, nemithuthambi ithanda ukudla kwemithuthambi, oklebe badla ukudla koklebe. Futhi uma uthanda izinto zezwe, lokho kukhombisa ukuthi uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.

99 Futhi umzenzisi omkhulu kunabo bonke okhona ezweni yigwababa. Ijuba negwababa, kuhlala esigxotsheni esifanayo, mhlampe, emkhunjini. Manje, ijuba lingadla kuphela uhlobo olulodwa lokudla, ngoba ijuba liyinyoni eyodwa engenayo inyongo, alikwazi ukugaya izinto ezibolile.

100 Nowangempela, ongcwele kaNkulunkulu ozelwe ngokusha akahlangene ngalutho nezinto zezwe, ngoba akasenayo inyongo. Akazulazuli eqophisana negqubu efuna ukuba nenkulumo mpikiswabo futhi aphikisane ngento ethize.

101 Kodwa igwababa elidala lingahlala esidunjini esidala, esifile futhi lidle amahora amabili, futhi lindize liphumele ngqo ensimini futhi lidle ukolo nejuba. Kodwa ijuba ngeke ladla ukolo bese-ke lidla isidumbu. Niyambona umzenzisi na? Yilapho ibandla selifike khona. Kunjalo impela. Okufanele kucatshangwe nguBaba!

102 Manje qaphelani, lapho sekufika isikhathi sokwenziwa umntwana, lendodana yemukela onke amalungelo ayo. Manje, yilapho uNkulunkulu efuna khona abantwana baKhe, baye endaweni lapho Angakuthatha khona ngamunye ngamunye, anikhiphele phambi komphakathi futhi anikhonzise okuthile okumangalisayo, into ethize e, esinye seziphiwo zaKhe Afuna ukusinikeza iBandla laKhe. O, kukhona zonke izinhlobo zeziphiwo uNkulunkulu anazo zeBandla laKhe. Kodwa uBaba angasipha kanjani iziphiwo lapho siziphatha ngendlela esiziphatha ngayo na? Niyabo, Ukwenza kwaziwe, umhlaba wonke, wonke umuntu uzobona lesisiphiwo sibonakaliswa uma uNkulunkulu ekumukela njengomntwana noma ekubeka ngokwendawo eyiyona yona emndenini waKhe.

103 Manje, khona-ke uneZwi likaNkulunkulu, igunya likaNkulunkulu. Bese kuthi-ke njengoba uNkulunkulu ekukhombisa ukuthi wenzeni, uholwa nguMoya futhi wenza izinto ezithokozisayo kuNkulunkulu.

104 Manje, uJesu wayethathwa njengomntwana ngosuku lweNtaba yokuGuqulwa isimo, uNkulunkulu wayemukela njengomntwana iNdodana yaKhe uQobo emndenini waKhe. Manje, Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, futhi Wathatha uMose, u-Eliya, noJesu, futhi Wabakhuphulela esiqongweni sentaba, futhi lapho niyaqaphela, Waguqulwa isimo phambi kwabo. Kwakuyini na? Wafakwa endaweni yomphakathi, phezulu le entabeni. Niyakubona okufanayo na?

105 Kwase kuthi-ke ngenkathi Ekwenza, Wenzani na? Waguqulwa isimo. NeBhayibheli lasho ukuthi izingubo zaKhe zakhanya njengelanga emandleni alo. Leyongubo ubaba eTestamenteni eLidala ayembathisa indodana yakhe ngosuku lokwenziwa umntwana, uNkulunkulu wabeka ingubo yaKhe yokungafi phezu kweNdodana yaKhe ngosuku lokwenziwa umntwana.

106 Awu, lapho okungaphezu kwemvelo kwenziwa, umuntu uyaxhuxhuma kakhulu, futhi ngokwejwayelekile kukhona isixuku esixubile esiphumayo. Ngenkathi uMose enza okungaphezu kwemvelo ezansi eGibhithe, isixuku esixubile sahamba nabo: uKora. Futhi kwabangela inkathazo ehlane, kodwa ekugcineni umhlaba wabagwinya nya. Okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, inhliziyo engaphendukile yahamba nakho.

107 Yilokho okwenzekile namhlanje, okungaphezu kwemvelo kwenziwe, uMoya oNgcwele usebuyele eBandleni ekugcwaleni kwaLo kwamandla aLo. Bese kuthi-ke lapho okungaphezu kwemvelo kwenziwa kwabanye, abanye bahamba nakho ukuba nje balandele isixuku, abakaze baphenduke, impilo yabo iyakufakazisa.

108 Kwase kuthi-ke uPetru waxhuxhuma kakhulu, naye, wathi, "Nkosi, kuyinto enhle ukuba lapha kulemvuselelo, asakhe amanye amahlelo. Asakhe amadokodo amathathu. Asibe neMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, i-Assemblies of God, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, konke onakho. Ake sizenzele amanye amahlelo. O, uMoya oNgcwele uwile, sizozibiza ngokuthi *i*qembu, sino*ku*Khanya." Iphutha elinje alenza!

109 Manje qaphelani, waxhuxhuma kakhulu, wayesethi, "Asakhe amadokodo amathathu; asakhe itabernakele likaMose. Bonke labo ofuna ukuyeka ukudla inyama, futhi bagcine izinsuku zesabatha zingcwele, nokunye nokunye, sizokwakha i—itabernakele lalabo. Sizobe-ke sesakha itabernakele lalabo ofuna ukukhonza nabaprofethi, kanjalonjalo."

110 Kodwa ngaphambi kokuba akukhiphe emlonyeni wakhe, kwabakhona iPhimbo elakhuluma livela eZulwini futhi lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni." Kunjalo. Ngiyajabula Wakusho lokho.

111 Ake sibheke ukuthi uMose wayemele ini, uMose wayemele umthetho. Akekho ongasindiswa ngomthetho, iBhayibheli lathi ungeke, umthetho wawungenansindiso. Wawuyiphoyisa elasifaka ejele, kodwa wawungenalutho lokusikhipha, wawungakwazi ukukhokha izibopho zethu, wawungakwazi ukukhokha inhlawulo yethu. Ngakho wawuyiphoyisa elasifaka ejele, umthetho wawunjalo. Ngijabula kakhulu ukuthi Wakusho lokho Akusho.

112 Angifuni ukungena ngomthetho, ngokuba akukho nyama engasindiswa ngumthetho. Ungayigcina imiyalo ngakho konke ofuna ukukwenza, futhi uyoya esihogweni njengemathini ebhokisini layo. Akukho-nsindiso emthethweni nhlobo.

113 Awu manje-ke, bukani e. . .Wayemeleni u-Eliya na? U-Eliya wayemele ubulungiswa bukaNkulunkulu. U-Eliya wayengumprofethi owayenomyalo ovela kuNkulunkulu,

wenyuka wayesehlala phansi entabeni, nenkosi yathi, u-Ahabi ohlubukile, wathi, "Yenyuka futhi uthathe amadoda angamashumi amahlanu futhi uhambe umlande." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

114 Ngakho bakhuphuka, no-Eliya wasukuma nomyalo kaNkulunkulu, futhi wathi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle uMlilo uvela eZulwini futhi uniqothule." Futhi nakho kwehla uMlilo futhi wabaqothula. Beningafuna ukuma lapho na?

115 "Awu," inkosi yathi, "mhlawumbe ukuduma kwedlulile ngalesosikhathi, futhi lokho bekungesinye nje sezenzo zemvelo. Sizothumela nje amanye amashumi amahlanu phezulu."

116 Futhi ngenkathi kuvela abanye abangamashumi amahlanu, u-Eliya wasukuma, wayesethi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle uMlilo uvela eZulwini futhi uniqothule." Futhi abanye abangamashumi amahlanu bashiswa nya. Lobo ngubulungiswa. UNkulunkulu akazange angivumele ngibe nobulungiswa bukaNkulunkulu!

117 Angiwufuni umthetho waKhe, ungifaka ejele; angibufuni ubulungiswa baKhe, bungilahla ngecala, ngifuna umusa. UNkulunkulu uyazi sonke sidinga umusa. Ngifuna umusa waKhe. Wayemeleni uJesu na? Umusa waKhe, uthando lwaKhe.

118 Uma ungenalo uthando: Yizweni.

Uma imbiza ingenalutho ekhaya: Yizweni.

Uma uphiso selomile: Yizweni.

Uma unenhliziyo ephukile: Yizweni.

Uma udinga ukujabula emphefumulweni wakho: Yizweni.

Uma udinga ukuthethelelwa kwezono zakho: Yizweni.

Uma udinga ukuphulukiswa komzimba wakho: Yizweni.

119 Umele konke lokho uNkulunkulu ayeyikho. Ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe. Yizweni! Ubulungiswa, umusa wahlangana futhi wakhokha isikweletu. UNkulunkulu wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni."

120 Methodisti, ibandla lakho lilungile, kodwa Yizweni.

Pentecost, ibandla lakho lilungile, Yizweni.

Uyamemeza na? Kuyamangalisa, kodwa Yizweni.

Kukhona ukukhuluma ngezilimi? Kuyamangalisa, kodwa Yizweni.

Ihlelo lakho na? Kuyamangalisa, kodwa Yizweni.

Ungaba nazo zonke lezozinto futhi usalokhu ungaMlaleli. Yizweni!

121 Izwe elikufunayo namhlanje kungokwento ethize yangokoqobo. Sisinile, simemezile, futhi saqamba amanga komakhelwane bethu. Siye sakhuluma ngezilimi njengokuthululela uphizi esikhumbeni senkomazi esomile, futhi saphuma futhi saqophisana ngezenzo zomuntu olandelayo, ngokungafanele. Sihlekisile, ujoyine ibandla, futhi wahlekisa ngomuntu omemeza eMoyeni. Ukukhuluma, ububi, umhobholo, inzondo, zonke lezozinto zisebandleni.

122 Futhi niyazi ukuthi izwe lilambele ini na? Izwe lifuna ukubona into ethize yangokoqobo. Yileyo indaba ngalaba abaphendukile a*bababiza kanjalo*, abasibo abaphendukile bangempela, kungubuhlakani. Kunolwazi lobuhlakani lukaKristu, kodwa isehlakalo sokuzalwa ngokusha sinikeza uKristu wangempela.

123 IMelika ngabantu abafanele bajabuliswe, banethelevishini eningi kakhulu kubo. Bafuna ukuzijabulisa, abalifuni iVangeli eliyifeshini endala. Bathi, "Singawelela ngapha, futhi akunasihluku kangako, singenza lokho esikufunayo." Qhubeka, kodwa, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi." Niyazi lokho kuqinisile.

124 O, uNkulunkulu ufuna kanjani ukubusisa ibandla! Ubethanda kangakanani Ukunifukamela njengoba isikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumi! Nalalela amadoda angabaholi esikhundleni soMholi onguMoya oNgcwele. Nalalela othisha abangamadoda esikhundleni sikaThisha kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, Oyonifundisa ukuziphatha, akwenze uziphathe kahle, akwenze ube njengenenekazi, akwenze usawoti womhlaba.

125 Usawoti udala ukoma, nabantu bazokomela ukufana nawe uma ngempela uzophila impilo yobuKristu. Ungeke wakwenza kuwe uqobo, ufanele ube noKristu kuwe ukuba ukwenze. Izwe lifuna into ethize yangokoqobo, yingalesosizathu bebona abantu abazisho ukuthi bayinto ethize, futhi bephuma beziphatha njengalo lonke izwe . . .

126 Yilokho okwabangela ubukhomanisi ukuba buvuke eRashiya ngenxa yebandla eliKatolika, kunjalo impela, lizisho ukuthi liyinto ethize, futhi lingasenakho, lenza futhi lenza njengezwe nje, kungengaphezu kwanoma yiliphi elinye idlangala, hhayi iKatolika kuphela, kodwa iProtestane libi nje njengalo. Futhi sekwehlele ekhaya kumaPentecostal, ukuzenzisa, ukugqoka, ezezimfashini, ukubuka, ukukhuluma, ukuhlambalaza, ukuhlekisa ngomunye, ukunganaki.

127 Lokho kumahhadlahhadla, kodwa kukulungele wena. Iqiniso. Kodwa yingalesosizathu izwe lingaboni lutho lwangokoqobo. Nxa abantu befika endaweni ukuthi bazokhohlwa yikho konke ukwehluka kwabo okuncane, nothando lukaNkulunkulu luzosabalala enhliziyweni yethu

ngoThisha wangempela, uMoya oNgcwele, uzoba nobusawoti, nezwe lizofuna ukufana nawe.

128 Udala okudaliweyo ngakuwe. Ubabonile abantu owawungeke umele ukuba ngakubo, nokho babengabantu abakahle, badala lokho phakathi kwabo. Ubabonile abantu othanda ukuba nabo, ngoba badala lesosimo sendawo ngakubo. Umoya wakho, umphefumulo wakho, ungeke wakufihla, ungeke wazenzisa. Yileyo indaba namhlanje, kuningi kakhulu ukuzenzisa ebuKristwini.

129 Kunezigaba ezintathu zabantu: abangakholwayo, abazenzisi, namakholwa angempela. Futhi yileyondlela ibandla elihlezi ngayo namhlanje. Awudingi ukuba ube ngumzenzisi noma ongakholwayo, ungaba yikholwa langempela, futhi yilokho izwe elifuna ukukubona.

130 Yilokho uNkulunkulu afuna ukukubona. Yilokho Akushoyo, "Ningumuzi ohlezi egqumeni, ikhandlela elingeke licinywa. Ningusawoti womhlaba. NingukuKhanya kwezwe." Bese-ke uziphathisa okwezwe, uphila njengezwe, uchema nezwe, uya ezweni, wenza izinto zezwe. Ungalindela kanjani ukuthi uNkulunkulu ake abeke ukwenziwa umntwana ebandleni na? Kodwa bafuna ukubona okwangempela.

131 Nansi into ethize eyenzeka esikhathini esingeside esedlule: Njengoba nonke nazi, ngingumzingeli, ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka, Ngizingele umhlaba jikelele, e-Afrika, eNdiya, kuzo zonke izintaba. Umama wami uyiNdiya ingxenye, ukuphenduka kwami akuzange kukususe kimi, ngiyawathanda amahlathi, yilapho engathola khona uNkulunkulu, emvelweni, ngiphumela emahlathini, futhi ngibone izimbali ezincane. Ungeke wayifihla, mayife, ugodo lungawela phezu kwayo bese lumbela leyombewu encane phakathi lapho, futhi iyobola noginindela uphume kuyo. Lapho kufika intwasahlobo, leyombewu encane yokuphila izosebenza indlela yayo izungeze lologodo bese iphakamisa ikhanda layo elincane bese idumisa uNkulunkulu.

132 Ungeke wakufihla ukuphila kwangempela, hhayi phezu kwesixha, ukuphila kwangempela kuyazibonakalisa. Kungeke kwayibulala, iyophinda iphile impela nje njenganoma yini. Isithwathwa singaluma imbali encane, ikhothamise ikhanda layo, zinodwendwe lomngcwabo, izimvula zasekwindla ziyakhala futhi zimbele into encane, iyabola, impande iyaphuma, amacembe awasekho, imbewu ayisekho, yaqhuma yavuleka, uginindela usuphelile, kodwa ndawondawo phakathi lapho yimbewana encane yokuphila okungekho-sayensi engayithola, ake nje ilanga likhanye futhi lifudumale, ukuphuma kwelanga, iyophinda iphile.

133 Uma uNkulunkulu enzela imbali indlela ukuba iphile futhi, uyenze kakhulu kangakanani-ke indlela yokuba

umuntu aphinde aphile, ozelwe emfanekisweni waKhe na? Kodwa ufanele ube nokuphila ngaphambi kokuba uphinde uphile. Ungaphila khona manje, awudingi ukuba ufe ukuze ukwemukele, ufanele ufe kuwe uqobo, khona-ke awuzukudingeka ulingise lutho, unento yangokoqobo.

134 Ngibukile ezilwaneni zasendle, ngibhekene namabhubesi, emi engibuka ngqo, ngikhuphuke futhi ngithatha isithombe salo, angiwesabi, ngiyawathanda, ayakwazi. Ungazami ukuwakhohlisa, azi okwehlukile; azi kangcono kunoma abanye abantu bazi.

135 Ngesinye isikhathi ngangizingela eNorthwoods nomngane wami, futhi wayengomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo. Wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye, wayengezukulahleka, wawungadingeki ukuba umbophele kuwe. Wayengumzingeli wangempela, nomnembi omuhle. Kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngayibona, wayethanda ukudubula amazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi.

136 Manje, kulungile ukudubula izinyane lenyamazane, angizami ukwehlisa isithunzi, dadewethu, uma umyeni wakho engenisa izinyane lenyamazane ngesinye isikhathi. Lokho ngukuthi, uma umthetho uvumela lokho, lokho kulungile, kodwa ungadubuli sonke isigejane sawo. Isilwane esincane silungile, izinyane lenyamazane, uma umthetho ukuvumela. Akusilo iphutha ukubulala i—isilwane esincane, u-Abrahama wabulala ithole, noNkulunkulu uyalidla. Kunjalo impela. Ngakho akusilo iphutha. Kodwa ukuhamba futhi nje uwabulale ngokuceka, yilokho okungalungile ukuwabulala ngokuceka.

137 Futhi—futhi uBert wayethanda nje ukuwabulala ngokuceka ukuze nje abe nesihluku. Ngase ngithi, "Bert, ungaba kanjani ngumzingeli okahle kangaka futhi ube nesihluku kangaka na?"

Wathi, "O, nina bashumayeli abanezinhliziyo zezinkukhu!"

Ngathi, "Angiyena onenhliziyo yenkukhu, kodwa nginenhlonipho ngemvelo kaNkulunkulu." Ngathi, "Ngingahle ngibe ngumzingeli, kodwa angisuye umbulali."

Futhi wathi, "O, hlakanipha, Billy. Woza, asihambe siyozingela." Futhi wayethanda nje ukudubula labobafo abancane, futhi ababhekisise bewa, bese-ke engibuka futhi ahleke.

138 Ngomunye unyaka ngenyukela lapho ukuyozingela, futhi wayeqambe impempe endadlana, futhi wayengathatha leyompempe encane futhi ikhale njengengane encane nje yenyamazane idiye ikhalela unina. Futhi wayeshaya leyompempe encane, ngase ngithi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho!"

Wathi, "O, qhubeka, Billy. Uyoke uze uhlakaniphe nini? Ubuyoba ngumzingeli okahle ukuba ubungenanhliziyo yenkukhu kangako."

139 Sahamba sayozingela ngalolosuku, futhi kwakukhona iqhwa elincane emhlabathini, cishe amayintshi ayisithupha, futhi sasikhuphuke konke sanqamula iCarroll Notch, futhi sehlela ngale eNtabeni iWashington, bese sibuya ngale ngase-Adams. Futhi sasehla ngesikhathi sasemini, sasingakawuboni ngisho umkhondo eqhweni, futhi sagoba phansi lapho esikhaleni esincane, kwase kuthi akube yisikhathi sasemini. Futhi ngacabanga ukuthi uBert wayeqosheme ukuba akhiphe ilantshi yakhe, sasiba nelantshi noshokoledi oshisayo, futhi ngangilandela umkhondo emva kwakhe. Sasizohlukana ntambama futhi sithathe izindlela ezimbili ezehlukene sibuya, sasizothola imikhondo kuqala, bese kuthi-ke noma ubani othole umzila uyoqala.

140 Wase-ke egoba, futhi ngambona ebuka emuva ephaketheni lakhe, futhi nangu ephuma naleyompe encane. Futhi uyinikeza ukunswininiza okuncane kokukhala, njengezinyane lenyamazane elincane eliyingane, futhi ngenkathi enza, ngaphesheya nje kwesikhala omkhulu, umama wenyamazane oyinsikazi wasukuma. Manje, inyamazane yensikazi ingumama wenyamazane idiye. Futhi ngangiwabona amehlo akhe amakhulu ansundu nemithambo ebusweni bakhe, wayesondele kakhulu.

141 Wasukuma. Manje, lokho akwejwayelekile enyamazaneni idiye ngalesosikhathi sosuku kulelozwe. Wasukuma wayeseqala ukuqalaza. Kwakuyini indaba na? Nakuba kwakumethusa, nokho kwakukhona ingane enkathazweni, futhi wayengumama. Wasukuma, waqalaza. NoBert omdala wangiqalaza ngalokho kubuka obunokudumala ngempela ebusweni bakhe. Ngacabanga, "O, Bert, ungeke ukwenze lokho!"

142 Futhi waphinda wayinswininiza, nomama wenyamazane idiye wahamba waphumela ngqo esikhaleni. Lokho akwejwayelekile kakhulu kuzo ukuba ziphumele esikhaleni ngenkathi yonyaka yokuzingela. Wayemi phandle lapho. Wayengesuye umzenzisi, wayengazenzisi, wayenento ethize yangempela, wayengumama, nengane yayisenkathazweni. Kungakhathaleki ukuthi kwakuyingozi kanjani, akazange acabange ngengozi, kwakuyingane eyayisenkathazweni, futhi kwakukhona into ethize ngaphakathi kuye, wayengumama ngokuzalwa. Wezwa ingane ikhala, waphumela esikhaleni.

143 Futhi ngabona uBert ephosa igobolondo phezulu kulowombhobho waleyo .30-06, ngacabanga, "O, he!" Futhi ngambona elinganisa isibhamu phansi, leyomigqa eyisiphambano yalesosipopolo khona ngqo enhliziyweni yakhe. Ngacabanga, "O!" Wayengumnembi. Ngacabanga,

"Ngomzuzwana nje uzoqhumisa inhliziyo yakhe ithi ngqu idabule kuye." Ngacabanga, "Ungakwenza kanjani, Bert na? Ungaba kanjani nenhliziyo enonya kangaka na?" Lowomama phandle lapho efuna ingane yakhe isenkathazweni.

144 Futhi ngenkathi ededela ibhawodi phansi esibhanyini esikhulu, inyamazane idiye yathuka futhi yabuka, yabona umzingeli, nesibhamu siqondisiwe, kodwa lokho akuzange kummise, wathuthumela. Wayazi ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka, kodwa wayengumama, ingane yakhe yayisenkathazweni, wayebheka ingane.

145 Ngacabanga, "Bert, ungaba kanjani nenhliziyo ebandayo kangaka na?"

146 Ngisibonile leso sibhamu siqonda ngqo, ngaphendula ikhanda lami, ngacabanga, "O Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze. Angayiqhumisa kanjani leyo eyigugu, inhliziyo ethembekile iphume kulowomama wenyamazane idiye othandekayo na? Angakwenza kanjani na?" Ngalinda, isibhamu asizange siqhume, ngalinda kadanyana, isibhamu sasisalokhu singaqhumi, ngaqalaza, nombhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*.

147 Wangiqalaza nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, waphosa isibhamu emhlabathini wayesengidumela ngemilenze, wathi, "Billy, sengenele yikho. Angikwazi ukuqhubekela phambili. Ngiholele kulowoJesu omthanda kahle kakhulu."

148 Kwakuyini na? Ubone into ethize yangempela, ubone into ethize engembethwe, ubone into ethize eyayingeyoqobo.

149 Yilokho izwe elikufunayo namhlanje, alifuni into ethize embathwayo, alibhekile i, "Ngi—ngiyiMethodisti. NgiyiPresbyterian." Libheke into ethize yangempela. UNkulunkulu unayo, into ethize yangempela. O, ubungethande ukuba nothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho ngesilinganiso esifanayo sikaKristu, lowomama omdala oyinyamazane idiye ayenalo ngaleyongane na? UNkulunkulu unalo ngawe: "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni."

150 Ubusuku ngabunye lapho uMbona lapha enza ukuhamba okukhubazekile, kanjalonjalo, nezinto Azenzayo, ehlulela imicabango yabantu, futhi enza izinto Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, leyo yiNdodana kaNkulunkulu ethandekayo: Yizweni.

151 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. (Ngokuthula kwi-ogani uma uthanda, dade.) Ngokuthula ngempela, ngizonibuza umbuzo. Ngicela nibe qotho ngalomzuzu. Ngiyamangala phakathi lapha kulobubusuku, mangaki ngisho namalunga ebandla noma izoni esingakaze samukele uKristu, lokho kaningi bekuthiwa, "Ngi—ngifisa sengathi bengingaba ngumKristu wangempela, ngifisa sengathi ngabe benginento ethize kimi," uzamile, ujoyine amabandla

ehlukene, ubhaphathizwe mhlawumbe izindlela ezehlukene, kodwa unokwehla nokwenyuka kwakho, kubukeka sengathi nje a—awukwazi nje ukuhlala entabeni, uyangena, uphume, uhlubuke, ubuyele emuva, kukhona into ethize ongenayo nje, ubungathanda ukuba nothando lwangempela lukaNkulunkulu, uthando olukhulu nje lukaKristu njengoba lowomama omdala oyinyamazane idiye ayenalo ngengane yakhe, owayengabhekana nokufa, noma kungakhathaleki ukuthi kuhlushwa kuni, noma lokho abantu ababekucabanga, ubungalokhu ume ekukholweni futhi unikeze ubufakazi ngenkazimulo kaNkulunkulu na?

152 Mngane wami, sidalwa sikaNkulunkulu, zakhamizi zakithi, uma ukulesosimo kulobubusuku, ungethande yini manje njengoba ngikubuza, ungasiphakamisa nje isandla sakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Nkulunkulu, ngiphe uthando enhliziyweni yami ngoKristu njengoba leyonyamazane idiye yayinalo ngengane, ukuze ngiveze uKristu phambi kwabantu, obekuyobababangela ukuba beze kuJesu, njengalowomama wenyamazane idiye waveza uthando lwakhe ngengane yakhe. Ngenze ngibe ngo*wangempela*. Angifuni ukulingisa, ngifuna into ethize yangempela. Nkulunkulu, nginike yona"? Ungasiphakamisa isandla sakho na?

153 UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kuso sonke isakhiwo, kungukuthi nje, ubungeke uzibale izandla. "Nakuba ngiyilunga lebandla, Mfowethu Branham, kodwa ngokweqiniso, ngi—nginamahloni, izono nezinto obushumayela ngazo kulobubusuku, nginecala. Kodwa ngomusa kaNkulunkulu kusukela kulobubusuku kuqhubeke, Nkulunkulu, Wena nginike into ethize yangempela, ngiyayifuna. Ngiphakamisela isandla sami kuWe, Nkulunkulu, mina, ngalokhu ngikusho ngempela, Uyasibona isandla sami."

154 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, qhubeka nje uvayizelisa isandla sakho lapho, uNkulunkulu uyakubona. UNkulunkulu akubusise ngapha, nenekazi. Akungabazeki kodwa abaningi babo bangomama. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yebo. Macala onke, phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele sami, phezulu phakathi lapho, uNkulunkulu akubusise, kunjalo, yonke imigqa lapho.

155 Ovulande abasesitezi ngakwesokudla, ubungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu uyakwazi. UNkulunkulu akubusise lapha maphakathi nesikhala sezihlalo. Ngapha kovulandi abasesitezi ngakwesokudla sami, iNkosi inibusise nonke ngapho. Abaningi benu, abasha nabadala nezandla zenu ziphakeme.

156 Isikhala esiphakathi nezihlalo maphakathi ngakwesokunxele, ningaziphakamisa izandla zenu manje, ukuthi niyakholwa, ukuthi ungathanda ukuthatha uKristu kulobubusuku, futhi Abe ngokoqobo kakhulu kuwe, ngokoqobo

kakhulu ukuthi uNkulunkulu uyothi, "Lena yindodana yaMi. Lena yindodakazi yaMi. O, ngijabule kakhulu ngabo! Indlela abaziphatha ngayo nendlela abenza ngayo, ngithokozile ngakho"?

157 Ubungalufuna lolohlobo lohlobo lwesehlakalo ukuthi izwe beliyothi, "*Nango* owesifazane ongumKristu ngempela. *Nanso* indoda engumKristu ngempela"? Ungaba nakho, kukhona khona lapha.

158 I—indawo emaphansi lapha nangakwesokudla sami, ungasiphakamisa isandla sakho nonke phansi ngalapha na? INkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nani nonke emuva ngalapha. UNkulunkulu abe nomusa kini.

159 Manje, amakhanda enu ekhotheme umzuzwana nje, ngizobuza: Ngabe sikhona isoni lapha esingakaze sizalwe ngokusha, asazi ukuthi uKristu uyini, esingakaze sibe nesehlakalo nhlobo noKristu, ubungathanda ukuphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Manje ngizomemukela uKristu"? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

160 Omunye umuntu na? Umngane oyisoni na? UNkulunkulu akubusise phezulu kuvulandi osesitezi. Inenekazi eliselincane likhala izinyembezi lapho, uNkulunkulu akubusise. Ungabi namahloni ngalokho, dadewethu, lokho kuyamangalisa. UNkulunkulu akubusise ngapha, isandla, insizwa, inenekazi eliselincane ezansi lapha, futhi. Indoda lapho egqoke ibhantshi elinsundu, uNkulunkulu akubusise.

161 Mngane oyisoni, phakamisa isandla sakho kuKristu, ungeke na? Leli kungahle kube yithuba lakho lokugcina. Insizwa ehlezi khona lapha ngaphambili, uNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye futhi uthi, "Manje ngemukela uKristu njengoMsindisi wami."

162 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ukuphakamisa isandla sami kusho noma yini na?" (UNkulunkulu akubusise, mfana othandekayo lapha.) "Ngabe. . .? Ngabe lokho kusho noma yini na?"

163 Impela, kuphakathi kokufa nokuPhila uma ukusho ngempela. Lathini iBhayibheli na? "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

164 Uma ungakaze umazi uKristu, futhi ungakaze wazi isehlakalo sokuthula okumnandi nothando oluvela kuMsindisi, ungasiphakamisa nje isandla sakho ngaphambi kokuba sikhuleke na? Esinye isoni, ndawondawo, phakamisa isandla sakho, uzokwenza na? Mngane oyisoni, ngiyakunxusa manje. Futhi ngolunye usuku uMoya oNgcwele olapha uzoba

ngowakho...UNkulunkulu akubusise, nsizwa ngemuva, uNkulunkulu uyasibona isandla sakho, impela.

165 Wenzani lapho uphakamisa isandla sakho na? Ushaya indiva yonke imithetho yesayensi. Amandla adonsela phansi abamba isandla sakho phansi, kodwa lapho uphakamisa isandla sakho, kukhombisa ukuthi umoya kuwe wenze isinqumo, futhi uphakamise isandla sakho. Into ethize yathi, "Unephutha." Wena uthi, "Yebo, nginephutha. Manje ngiphakamisela isandla sami kuMdali wami. Ngihawukele, O Nkulunkulu!" Ubone ukuthi uNkulunkulu uzokwenzelani.

166 Ungasiphakamisa isandla sakho, esinye isoni na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Kunjalo, nenekazi eliselincane. Omunye, ngiyacela, ngaphambi nje kokuvalela umkhuleko. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elihlezi lapha, lokho kuyamangalisa.

167 O, kube nezoni eziyishumi nanhlanu noma ezingamashumi amabili eziphakamisa isandla sazo, futhi mhlawumbe amalunga ebandla angamakhulu amane noma amahlanu nabahlubuki baphakamise izandla zabo. Nangu omunye ngapha. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu abusise...Kunjalo, mngane oyisoni. Lokho kuhle.

168 Abanye nje abambalwa ngaphambi kokuba sivale na? Ngiyathanda ukukubona uphakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Ngizwe nje ukuthi bekukhona omunye umuntu obefanele akwenze. Nje...UNkulunkulu akubusise. Lokho...Lokhu kungahle kube okokugcina... UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane emuva lapho, uhlobo letshitshi.

169 Wenza isinqumo esikhulu kunazo zonke owake wasenza, mngane oyisoni, lapho uza kuJesu. Une...Awufuni ukuthi nje...Ngiyakunxusa ukuba ujoyine ibandla, ufanele ukwenze lokho, kodwa, o, Mthole kuqala. "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo," kwasho uNkulunkulu, "Yizweni." Hlanganani naYo.

170 O, uyokwenza inkanyezi yangempela kulelobandla. Uyoholela abanye abantu abasha kuKristu. Uyoholela abanye abantu abadala kuKristu. Impela, ngokuba uyoba semsebenzini kaBaba ngenhliziyo egcwele uthando. Akunandaba ukuthi ukuhlushwa kuyini, isiphambano siyini, uyoma futhi ujabule ukusithwala, ngoba uJesu wakuthwalela sona ekuqaleni.

171 Ngabe yilabo kuphela manje ofisa ukuza kuKristu na?

172 Bangaki lapha ongakamemukeli uMoya oNgcwele selokhu wakholwa, futhi ufuna uNkulunkulu akunike lokho ukuba akwenze isosha eliyiqhawe ngempela na? Bangaki osesakhiweni na? Phakamisani izandla zenu. O, bukani nje! Amaphesente angamashumi ayisikhombisa. Asikhuleke manje. Yiba qotho

ngempela. Hhayi . . . Uza kuKristu, uza kuYe ngesidingo sakho. Akusho ukuthi . . .

173 Ngiyakholelwa emadlingozini, ngiyakholelwa ekumemezeni, ngiyakholelwa ekudumiseni uNkulunkulu; ngicabanga ukuthi yonke into enokuphefumula ibifanele idumise uNkulunkulu, yilokho okwashiwo yiBhayibheli. Kodwa manje, ukuza kuYe, ufanele uze ngokuthula, ngokusile, ngokuhloniphekile, uzibeka ezinyaweni zaKhe, ubuka phezulu ebusweni baKhe, futhi uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa kimi. Ngiphe, O Nkosi." Emva kokuba lokho sekwenziwe, yilesosikhathi-ke sokuthokoza kwakho nokudumisa.

Asikhuleke, ngamunye manje.

174 Nkulunkulu othandekayo, izandla eziningi ngezinto eziningi, yebo, ngicabanga ukuthi ngaphezu kwezandla eziyinkulungwane ezidingayo kulobubusuku insindiso, ngendlela eyodwa noma enye, baphakamisele izandla zabo kuWe. Wena ubabonile ngamunye ngamunye. Nakuba ngibathethisile ngeVangeli, Nkosi, bekungesikho ukuba nendluzula, Wena uyayazi inhliziyo yami, bekungangcono ukubalilela.

175 Kodwa, O Nkulunkulu, imiBhalo yaKho iqinisile kakhulu, futhi isika njengenkemba esika nhlangothi zombili kuze kuyofika emnkantsheni wethambo, futhi laHlulela imicabango yengqondo. Futhi, Nkosi, siyakhuleka manje ukuthi Uzothatha ngamunye walabobafana abayizoni, amantombazane, abesilisa, nabesifazane, bathathe ubangenise eMbusweni waKho njengamanje ngomusa wothando.

176 Siyazi ukuthi Ubungeke, noma yiziphi izindlela ubemukele, ngaphandle uma bethathe isinqumo, futhi abakwazanga ukuthatha isinqumo sabo waze Wababiza, ngokuba Wena wathi eZwini, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi bonke abeza kiMi, Ngiyobapha ukuPhila okuphakade, futhi ngizomvusa ngomuhla wokuphela."

177 Buyisela abahlubuki kulobubusuku, Nkosi. Gcwalisa ngokuzalwa okusha, uMoya oNgcwele, laba abaphakamise izandla zabo. Nkulunkulu yiba nomusa. Dala kubo, Nkosi, ukuzalwa okushintsha kusuka esivumwenikholo sebandla kuye enkonzweni yangempela kaNkulunkulu. Futhi kwangathi bangaba nothando lwangempela enhliziyweni yabo ukuluveza njengomKristu, njengomama wenyamazane idiye omdala esikhulume ngaye kulobubusuku wayenalo, ukuveza obala uthando lukamama, naye eyisilwane. Siphe khona, Nkosi.

178 Njengoba leyonyamazane idiye yahola leyondoda enenhliziyo enonya, ngoba ibone into ethize yangempela, yahola leyondoda enenhliziyo enonya yaba ngonothando, ongcwele onomoya omuhle manje, wedlula ekufeni wangena

ekuPhileni khona lapho kulolosebe lweqhwa, O Nkulunkulu, sisize ukuba senze lokho! Uzokwenza, Nkosi na?

179 Sisize ukuba senze izimpilo zethu zibe nomoya omuhle kakhulu futhi zigcwale kakhulu uMoya, zimnene kakhulu, futhi zinomusa, futhi zinomoya omuhle ukuthi umhlaba wonke ubuyolangazelela futhi ubone uJesu. Kulotshiwe ukuthi, "Siyizincwadi ezilotshiwe zikaNkulunkulu ezifundwa ngabantu bonke." Futhi siyazi ukuthi isimilo sethu besingalungile nje, ngakho sithethelele, Nkosi, sithathe kulobubusuku njengabantwana baKho abanothando.

180 Manje ngibethula kuWe, bayizithelo zalomlayezo kulobubusuku, futhi manje Ubanika uJesu njengeziphiwo zothando, ngokuba bayizipho zothando ezivela kuBaba ziya eNdodaneni. "Akekho ongabahlwitha esandleni."

181 Nkulunkulu, kwangathi bangaphila ezinomoya omuhle, izimpilo ezithobekile, bajoyine ibandla elithize elihle manje, babe yilunga elethembekile ngempela, bemukele umbhaphathizo wamaKristu, futhi bagcwaliswe ngoMoya, futhi babe yinceku yaKho. Kwangathi, uma ngingababoni neze noma ngibaxhawule kulomhlaba, kwangathi ngingakwenza kwelinye iZwe lapho sihlezi phansi, lesoSidlo sakusihlwa esikhulu soMshado.

182 Ngicabanga ngakho, Nkosi. Lapho ngibuka ngale kwetafula bese ngibona labo, ngithi, "Kubonakala sengathi bengifanele ngikwazi."

"O, yebo, Mfowethu Branham, ngangingomunye eMiddletown ngalobobusuku. O, ngijabula kakhulu ukuba lapha!"

183 Khona-ke izinyembezi zenjabulo zizokwehla ezihlathini zethu, neNkosi izophuma igqoke zonke izingubo zaYo ezinde nenkazimulo, futhi izosula zonke izinyembezi emehlweni ethu, bese ithi, "Ningakhali, bantwana. Nonke niseKhaya manje. Ngenani ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba." Siphe lokho ukuba kube unkatho lwethu, Nkosi. Kuze kube yileyonkathi sigcine siphilile, sijabule, sigcwaliswe ngokomoya ngoMoya waKho ukuze sikwazi ukuKukhonza. EGameni leNdodana yaKho, Esiyizwa ngokujabula, eGameni likaJesu. Amen.

184 Ungasinika indlela encane, *Ukholo Lwami Lubheka KuWe* na? Bangaki othanda lawomaculo ayifeshini endala na? O! Bangaki ozizwa sengathi ukolojiwe wonke na? IVangeli alenzi yini into ethize kuwe na? Ukufundwa kweZwi nje, kuyasikolobha nje.

185 Sonke asicule lelihubo elidala elikhazimulayo lebandla manje ngaphambi kwenkonzo yokuphulukisa:

Ukholo lwami lubheka kuWe,

Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
Futhi makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

186 Asicule, sonke kanyekanye manje:

Ukholo lwami lubheka kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

Asilihamishe.

Ngenkathi ngisanyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,

Asiphakamisele izandla zethu kuYe manje.

Wena yiba nguMholi wami;
Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

187 Nkosi Nkulunkulu, samukele, Nkosi, njengabantwana baKho abakhonzayo. Imiphefumulo emininingi isanda kuza kuWe, Nkosi. Bahlumelelisa emuva lapho ezibusisweni zesehlakalo esisha, bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni.

188 Futhi manje ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi Uzosisiza manje njengoba sithobisa izinhliziyo zethu eBukhoneni baKho, ukuthi Uzokwazisa lezizingane ezisanda kuzalwa ukuthi UnguJesu, ukuthi kwakunguWe okhulume kuzo, nakuba zikwazi ngendlela yokukholwa, zikukholwa manje, kodwa kwenze kube yikho ngempela, kwangathi Ungeza emsamo futhi wenze nje njengoba Ubungenza ngenkathi Ulapha eminyakeni emininingi edlule ngesimo se—senyama. Kodwa manje Usenyameni yethu. Wena wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," ongakholwayo, "nokho niyoNgibona nina," ikholwa, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka."

189 Siphe khona, Nkosi. SiyaKuthanda ngezinhliziyo zethu zonke, Nkosi, futhi sikhonza Wena eZwini, nakuMoya, naseculweni.

190 Manje phulukisa abantu bakithi abagulayo, Nkosi, khipha ukugula phakathi kwethu. Nkulunkulu, nikeza lababantu ukukholwa kulobubusuku sengathi abakaze babe nakho ngaphambili. Siphe khona, Nkosi.

191 Manje ngikhulekela ukuthi Uzongisiza, usebenzise amehlo ami, umlomo, izindebe, konke engiyikho, Nkosi. Angifanelekile, laba abafowethu nodadewethu abafanelekile, siyakuqonda lokho, kodwa sizinikela kuWe. Ngomusa waKho sibheke Wena ukuba ugcwalise eyaKho ipro-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

192 . . .?. . . Akazange asebenze ngokuphelele ngenhlangano, Usebenza ngabantu, abantu ngabanye. Futhi wonke umuntu owake wavuka wayezimele enhlanganweni. Bukani emiBhalweni, hlolani umlando, futhi nithole ukuthi lokho kuqinisile noma qha. Ngaso sonke isikhathi ibandla lenhlangano lalimelene nokunyakaza kukaMoya, ngaso sonke isikhathi. Hlolani imiBhalo, hlolani umlando, tholani, ngoMoody, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, noma yimuphi wabo enifisayo, amadoda kaNkulunkulu evusiwe, bekungaleyondlela; ufanele ume wedwa. Abaprofethi eBhayibhelini ngenkathi bevuswa ngokuphambene nenkolelo yabo, kodwa uNkulunkulu waqhubeka ngqo noMlayezo waKhe, noma kanjani.

193 Manje, angisuye umphulukisi, bonke bangafakaza ngalokho, anginandlela yokuphulukisa abantu. Kukhona. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

194 . . . khuluma iZwi, Nkosi. Uma lokho bekungenela, kodwa uNkulunkulu muhle. Ubekile eBandleni iziphiwo, kuqala, abaphostoli noma izithunywa zenkolo, kokubili okufanayo, *umphostoli* kusho "othunyiwe," *isithunywa senkolo* kusho "othunyiweyo." Abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, bonke bayizipho ezimiselwe ngaphambili zikaNkulunkulu. "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka." Zibekwe eBandleni ukuhlanganisa iBandla ndawonye, ziLibambe ndawonye kwenzelwe inkazimulo kaNkulunkulu.

195 Manje, usuku ngalunye sikhipha amakhadi ayikhulu, futhi sibize kusuka endaweni eyodwa, bese kuba ngenye. Isizathu sinikeza. . . Nibonile na? Kukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezimbili lapha kulobubusuku bephakamise izandla zabo ukuba bakhuleke. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

196 . . . *umprofethi* kukhubekisa abantu, angizisho ukuthi ngingumprofethi, ngizisho ukuthi ngiyinceku yaKhe. Uma ngiyinceku yaKhe, ufakazi weqiniso, uNkulunkulu uzofanele aqinisekise iZwi laKhe futhi athi Liqinisile; uma ngingesuye ufakazi weqiniso, khona-ke uNkulunkulu ngeke azihlanganise ngalutho nesiphosiso. Bangaki okwaziyo lokho na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

197 Usekhaya kulobubusuku ekhulekela umfana wakhe ongumshumayeli. Nginabantwana abathathu abancane ekhaya, intombazanyana, uRebekah, oyedwa, uSarah, umfana omncane,

uJoseph. Ngingathanda ukuba nabo, angikwazi ukubabona kakhulu.

198 Kodwa wena uthi, “Wenzani, Mfowethu Branham na?”

Ngilindele Yena. Yena uyakwazi, mina angikwazi.

199 Uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, inenekazi libonakala lisuka kimi futhi linokwethuka konke ngento ethize. Liphatheke kabi kakhulu. Lihlushwa yisimo sokwethuka. Yiqiniso lelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa na? Uthe ubuyokwenza.

200 Manje, uthe, “Lokho bekungukuqagela, Mfowethu Branham.”

201 Bhekisisani, nje ngikhulume naye kakhudlwana futhi ngibone. Angazi ukuthi yini ebingalungile ngaye manje, indlela kuphela engikwazi ngayo, kungamateyipu ami. Niyabo? Lelo bekungelinye iphimbo elikhuluma iqiniso, bekungesilo elami, YiNto ethize esebenzisa iphimbo lami (Niyaqonda na?), uMoya kaNkulunkulu. Ngamunye wenu ungumoya. Manje kholwani. Ake sikhulume nowesifazane kakhudlwana nje.

202 Noma ngabe bekuyini, nenekazi, angazi manje, kodwa bekuyiqiniso. Uyiqiniso njalo, Uyiwo impela uMthombo weqiniso. Yebo, ngiyalibona inenekazi futhi, bese kuba mnyama ngakulo, linokwethuka, likhathazekile ngento ethize, yisimo sokwethuka elihlushwa yiso. Khona-ke linesimila leso yisigaxa, futhi leso sisebeleni lakho, lokho kusebeleni lakho langakwesokudla. Kunjalo.

203 Bese kuthi-ke, ukhathalele okunye. . .Ngibona indoda phezulu lapha phambi kwami, futhi ibuka wena, ikubiza ngomama, ngumfana wakho, futhi unokuthile okungalungile ngomhlane wakhe. Futhi kumnyama ngakumfana, wake waba ngumKristu, kodwa usehlubukile. Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha elibizwa ngeWaverly, e-Ohio. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

204 Wena yiba ngumahluleli. Ngabe lezozinto beziyiqiniso, noma yini Ayishilo na? Uma lokho kunjalo vayizelisa isandla sakho ezethamelini ukuze. . .Kuyini na? Kuyinto ethize ebikhona emuva kwenye indawo. Alibe ngumahluleli, liyazi; futhi uyazi ukuthi lokho kuzofanele kuvele emandleni athize angaphezu kwemvelo.

205 Ngabe ufana ne. . .? Ngabe ungumFarisi wesimodeni othi, “Kungokukadeveli”? Uma ukwenza, uthola umvuzo kadeveli; uma ukholwa ukuthi nguNkulunkulu, uthola umvuzo kaNkulunkulu. Ucabangani na? BekunguNkulunkulu na? Khona-ke unomvuzo waKhe. Hamba, futhi uNkulunkulu abe nawe, ngokuba uzokwemukela okucelile.

206 INkosi uNkulunkulu ikubusise, nenekazi. Angikwazi. Siyizihambi komunye nomunye. Uma lokho kunjalo,

ungasiphakamisa isandla sakho wenzele abantu na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uke waba kweyami—waba semihlanganweni yami kabili ngaphambili, ngaphambi kokuba ngize edolobheni, nakuba ngingakwazi. Isikhathi sakho sokuqala emgqeni womkhuleko, kumbe noma yini na? Kulungile. Manje, hlonipha ngokuzithoba ngempela.

207 Manje, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, futhi Uzimisele nje ukukusiza. Futhi uma bengingakusiza futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu omubi kabi. Anginjalo, bengingeke ngifaneleke ukuma ngakulelipulpiti, bengiyoba ngumkhohlisi. UNkulunkulu akakwenqabele lokho. Ngifuna ukuba yinceku yaKhe. Kodwa wena u. . .

208 Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi ufunani kuYe, uzongikholwa njengenceku yaKhe na? Khona-ke impela, uma Ezongazisa lokho ngesiphiwo sobuNkulunkulu ukufakazisa ukuvuka kwaKhe kuwe, Ufuna ukukhombisa kulo lonke leliqembu amandla aKhe, awaKhe, ukuthi Akafile, Uyaphila.

209 Ulapha ukuba ukhulekelwe. Unokwethuka ngokwedlulele. Bese kuthi-ke unesilonda emzimbeni wakho ofuna ngisikhulekele. Angikwazi ukubona isilonda, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongitshela ukuthi sikuphi na? Sisemlenzeni wakho wangakwesokunxele. Lelo yiqiniso. Khona-ke futhi unokuthile okungalungile ngeqolo lakho ofuna ngikukhulekele.

210 Khona-ke ngibona omunye eqhamuka obukade umkhulekela isikhathi eside, ekamelweni lakho eceleni kombhede maduze nje, lapho bekukhona ikhethini lithi ukulengela phansi. Kunjalo. Futhi lowo ngumuntu osekhulile, osekhulile ngempela, into ethize efana noyihlo. Futhi yinkathazo ise. . . yisimo sokucinana kwemithambo yomoya, kabi ngempela. Futhi akekho lapha, ukwesinye isifunda, futhi lokho kubukeka njenge-Oklahoma kimi, yilapho impela okukhona, kukhona iTulsa. Kunjalo impela. Amen. Uyakholwa manje na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthumele iduku kothandiweyo wakho, futhi uphiliswe. Amen.

211 "Uma ukholwa!" O, UnguJehova uNkulunkulu Owenele konke. Manje hloniphani ngokuzithoba. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

212 . . .?. . . futhi mhlawumbe isikhathi sethu sokuqala sihlangana. Uke wangibona ngaphambilini na? Uke wangibona ngaphambili. Kulungile. Kodwa angikwazi. Ukuze izethameli zizokwazi lokho, dade, niyabo, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Angikwazi, anginalutho, kungengaphezu kwe. . . Siyahlangana nje. Ungibonile okunye-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

213 Kunethunzi elimnyama phezu kowesifazane, lowo ngumbulali. Ngimbona ehhovisi likadokotela, futhi uneyembe

elide obuligqokile, phansi, futhi ngumdlavuza ebeleni, futhi ufuna ukususa ibele lakho. Futhi ngiyakubona unikina ikhanda lakho, futhi ukucasukela, ngokuba ubufuna ukubeka ithemba lakho kuNkulunkulu ngokuphulukiswa kwakho. Awusuye owakulelidolobha, ungowasendaweni ebizwa ngeCleveland, e-Ohio. Igama lakho nguMarian Napa. Ungahamba ngendlela yakho, futhi uthokoze ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ukholwe uNkulunkulu, futhi uzakwamukeliswa njengoba ukukholiwe, uma nje uzothatha iZwi laKhe ngakho futhi ukholwe.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

214 Woza khona lapha. Ungambamba, mfowethu na? Kulungile, dadewethu othandekayo. Nkulunkulu yiba nomusa. Mhlawumbe lezo ezindala bandla, izandla ezishwabene zenze umsebenzi wezinsuku eziningi, ukuthi angazi, kodwa uNkulunkulu uyazi. O, uma bengingakusiza, mama, bengiyokwenza! Angikwazi ukukusiza, kodwa njengomfowenu eNkosini uJesu, uma lokhu . . . Ngi . . . Abefundisi abaningi, bangabashumayeli abangashumayela iZwi, angisuye umshumayeli, anginamfundo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

215 . . . ? . . . futhi ubuthakathaka. Bese kuthi-ke isizathu sokuthi uhamba ngathi kancane futhi uhamba uqhugela, yingoba ukuqina okubekwe phakathi ezithweni zakho, njengesimo semisipha nje esikwenza ugongobale ezithweni zakho. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

216 Ngibona enye into ethize evelele kulokho. Yisifiso esisenhliziyweni yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angazembula izimfihlo zenhliziyo na? Alishongo yini iBhayibheli, uDanyeli akashongo yini enkosini ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wembula izimfihlo zenhliziyo na? Nonke udabukile kakhulu ngokuthile, nalokho kungokomfana, umfana wakho, indodana yakho. Futhi indodana yakho ibe nokuquleka, ukugula kwemizwa, futhi isesibhedlela, futhi lokho kukwelinye idolobha, nalelodolobha yiCincinnati, e-Ohio. Futhi uyamkhathalela, ngoba usibekelwe yithunzi, naye, uyisoni, futhi ukhulekela umphefumulo wakhe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso.

217 Uyakholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo na? Ngabe iBhayibheli lithi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda"? Uyakukholwa lokho na? Asikhuleke.

218 Nkosi Nkulunkulu, lomama bandla, futhi ngicela ukuthi eGameni likaJesu ukuthi Wena uzombusisa, Nkosi, ngezibusiso zaKho, muphe, lona othandekayo, owesifazane omdala, isifiso senhliziyo yakhe, ngiyakhuleka, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

219 . . .?. . .[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .efake izibuko, lowo okhulekayo. Ubuphakamise amehlo akho emoyeni, mnumzane, ukhuleka. Ubucela uNkulunkulu, "Lendoda mayingibize, futhi ngithinta ingubo yaKho." Kunjalo, mnumzane. Ubukhuleka lokho. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa njengenceku yaKhe na? Unenkathazo ngekhanda lakho, awukwazi ngisho nokusebenza. Uma zonke lezozinto engizishilo ziqinisile, phakamisa isandla sakho. Angikwazi, ngiyakwazi na? Kodwa usuphulukisiwe manje, qhubeka ubuyele emuva, ukukholwa kwakho kuthinte Into ethize, BekuyiNdodana kaNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

220 Nakhu Kuza. Awukuboni lokho kuKhanya, ukuKhanya okuyimfihlakalo kuhamba lapho, okuphuzi ngokuluhlaza'tshani, umbala obukeka uphuzi na? Kuzinza endodeni. Nanso. Uyagula, mnumzane. Ubuhlezi lapho ukhuleka. Futhi uhlushwa yinkathazo esifubeni sakho nasesiswini sakho. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha, awusuye ngisho owakulesisifunda, ungowaseVirginia. Uma ukholwa iNkosi uNkulunkulu, ungaya ekhaya futhi uphile manje, ukukholwa kwakho kuMthintile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

221 . . .kuwe lapho nekhanda lakhe libheke phansi, ukhuleka. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, nenekazi na? Ubukhuleka ngenkathi ngikhuluma kuleyondoda, "Nkosi, mangibe ngolandelayo." Kunjalo na? Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yomphimbo isikushiyile na? Ikushiyile. Gwinya. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

222 . . .uhlinziwe. Ngiyambona ekamelweni ukuba ahlinzwe, futhi kuyinto ethize eceleni, yi-aphendiksi nodaba lwesisu. Kunjalo. Futhi wena . . .Lokho ngeke kuphulukiswe, kukhona okungalungile, kulokhu kuvuvukala, lokho kuhlinzwa, njengesibhono kukho, ngeke kuhlangane ndawonye.

223 Uyazi U . . .? Uyakholwa ukuthi Uyazi ukuthi uvelaphi na? Awusuye owakulelidolobha. Lokho kuhlinzwa kwakungenjalo. Ungowasedolobheni elithiwa iMansfield, e-Ohio. Buyela emuva, kuzosinda. Ungangabazi, kholwa iNkosi uNkulunkulu . . .?. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

224 Unenkathazo ngezingalo zakho. Unesifo samathambo, futhi, awunaso na? E-hhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Igama lakho nguFlossie, isibongo sakho nguMcGowen. Ungowasendaweni ebizwa ngeMiamisburg, e-Ohio. Lowo ngumyeni wakho ohlezi eduze kwakho, igama lakhe nguFrank. Ucabangani ngakho na? UNkulunkulu uzokuphulukisa, nawe. Uyakholwa, mnumzane na?

225 Wenzani, uphakamise ikhanda lakho nje lapho, eceleni kwendoda, unenkathazo yenhliziyo, uyakholwa ukuthi

uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Kuthiwani ngalowo ohlezi eceleni lapho, uyakholwa, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi Uzosiphulukisa lesosifo samathambo na? Khona-ke ungaya ekhaya futhi uphile.

Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

226 Uma uNkulunkulu ezokwembula isimo salona wesifazane, bangaki kini nganhliziyonye abazothi, "Lokho kuzokwenela"? Bagcine nje beza, bavele nje, awu, wena, kuyakukhandla nje, wena nje, mina, uba buthakathaka kakhulu ngize ngibuke laphaya phezu kwezethameli, futhi nje kubukeka njengenye enkulukazi, imfucumfucu emthuqu phezulu lapho. Okuyikho, ngukukholwa kwakho, kul'khuni ukusho ukuthi yikuphi okuyikho, kuyadonsa nje.

227 Uyakholwa, uma nje ubuyokwemukela! Yinye kuphela into, leso yisithunzi esincane esilenga phezu kwakho, futhi lobo ngubumnyama, lokho ngukungakholwa. Uma lelothunzi elincane liyoke ligqabuke, futhi ubuyohamba ngale kwalokho ekukholweni kwakho, bekungeke kube khona umuntu obuthakathaka phakathi kwethu. Lokhu akubaphulukisi abantu, lokhu kuphela kukuletha ekuqondeni ukuthi uMphulukisi ulapha.

228 Isikhathi sethu sesedlule kakhulu, ngicabanga ukuthi besifanele sivale lelihholo elikhulu ngaphambi kwalesisikhathi; abantu bebekahle.

229 Nenekazi, yiba ngumahluleli. Angikwazi, angikaze ngikubone. Uma uNkulunkulu ezokwembula ukuthi yini inkathazo yakho, uyangikholwa na? Unokwethuka, yilokho ofuna kukhulekelwe, ukwethuka ngokwedlulele, ukwethuka kwengqondo. Ungomunye walezozinhlobo ohlala njalo ewela amabhuloho ngaphambi kokuba ufike kuwo, wakha izinto ezingenzeki neze, nokho uyikholwa elingumKristu. Kunjalo. Angikwazi. Uyakholwa ukuthi Uyakwazi na? Uyakholwa ukuthi Ubengangitshela ukuthi ungubani na? Ubungakholwa na? Kulungile, Dorothy, ungaba nakho okucelayo, isibongo sakho nguGlascoe. Hamba ngendlela yakho futhi uphulukiswe.

230 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile na?

231 Manje uMfowethu Vayle noma umfana, oyedwa, ungimbambatha emhlane, lokho kusho ukuthi sengenele.

232 Bukani, impela beningeke nisaba ngabangakholwayo. Ngilaleleni njengomfowenu: Nginitshele iqiniso leVangeli, noKristu ukuqinisekisile lokho ukuthi kuyiqiniso. Lapha ngizonitshela iqiniso: Nonke senivele niphulukisiwe, uJesu wakwenzela lokho eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, Uzama ukukwenza ukholwe.

Uyakukholwa na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi nikhuleke ngendlela enenza ngayo ebandleni lenu, khulekelanani. IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela." Ngizokhuleka futhi ngikhiphe lomoya omnyama.

233 O, Sathane, uyabona ukuthi ulahlekile, udukisa abantu. Wena develi, phuma kubantu! Wena kungakholwa, Sathane, siyakuxosha, eGameni likaJesu Kristu, shiya lezizethameli, phuma kubantu!

234 Sukumani nime ngezinyawo zenu futhi ninike uNkulunkulu udumo. Nonke niphulukisiwe, eGameni lika . . .

